

**AMAZWI KASOMLOMO WESISHAYAMTHETHO SAKWAZULU-NATALI, UMHL.  
UNONTEMBEKO BOYCE EPHALAMENDE LABESIFAZANE ELISINGATHWE  
NGOBUXHAKAXHAKA BEZOBUCHWEPHESHE NGOMHLAKA 7 KUNCWABA  
2020**

Mphathi Wohlelo;

UNdunankulu waKwaZulu-Natali, uMhlonishwa uSihle Zikalala (Khuzeni!);

ISekela likaSomlomo weSishayamthetho saKwaZulu-Natali, umhlonishwa uMluleki Ndobe (Siwa!)

USihlalo Wamakomidi eSishayamthetho saKwaZulu-Natali, umhlonishwa uThemba Mthembu (Mvelase!);

Amalungu ahloniphekile eSishayamthetho saKwaZulu-Natali;

Abantu baKwaZulu-Natali ababukela ezinkundleni zokuxhumana ezehlukene.

Nginibingelela nonke ngalolu suku olubaluleke kangaka lapho singagcini nje ngokubungaza iqhaza labesifazane emzabalazweni wenkululeko esinayo namhlanje kodwa futhi ngosuku esibuka ngalo ukuthi singadlula kanjani ebunzimeni obubhekene nabantu besifazane namuhla.

Mphathi Wohlelo, ngicela ungivumele ngihloniphe abesifazane abasivulela le ndlela. Abesafazane abakhethekile abalwela inkululeko yabo bonke abantu baseNingziimu Afrika kungakhathalekile ukuthi bayibuphi ubulili noma bayiluphi uhlanga futhi bengabheke kuzuza siqu sabo. Bawubamba lo mzabalazo wenkululeko yethu bazi kahle kamhlophe ukuthi uma bengabanga nayo inhlanhla, babengeke bagcine nje ngokuboshwa kodwa babengagcina belahlekelwe yizimpilo zabo kanye nezalabo abathandiweyo babo.

Phakathi kwalaba besifazane singabala noNkk Nonyamezelo Mxenge. Wayengumhlengikazi wabuye waba ngummeli owanikela ngesikhathi sakhe emela bonke labo ababeboshelwa ukubamba iqhaza emzabalazweni wenkululeko. Ngokulandela igama lakhe likaNonyamezelo, ngesiZulu elisho ukubekezela, wabekezelela ukulokhu ehlukeyezwa wuhulumeni wengcindezelo kwaze kwabe ujeziswa ngokulahlekelwa yimpilo yakhe ngomhla lulunye kuNcwaba (Agasti) 1985.

Sibuthene lapha namhlanje sekuphele iminyaka engama-35 selokhu kwasocongwa umama uVictoria Mxenge; sihlanganele ukubungaza izingqinamba abantu besifazane ababhekana nazo zinsuku zonke bengamantombazane, omama, ogogo, odade namakhosikazi.

Sinxusa bonke abesifazane ukuba baqhubeke nokuba ngamanxusa obulungiswa, okulingana ezindaweni abasebenzela kuzo noma abaphila kuzo njengengxenyeye yokukhumbula umama uMxenge.

Kule nyanga yabesifazane yano nyaka kumele sazi ukuthi ukuze amalungelo abesifazane anqobe ngokuphelele, sidinga ukuba wumphakathi olwela futhi okholelwa ngokweqiniso ekulinganeni ngokobulilli.

Sidinga ukuba yingxenyeye yemiphakathi ehlonipha ukubaluleka kwemindeni eyimbumba nezinkambiso zokwakha umphakathi obekezelelelanayo nothuthukayo. Lokhu kungafezekiswa uma sikwemukela siphinde sikuvikele ukulingana ngokobuhlanga, iminyaka yobudala, ubulili umuntu azikhethele bona. Leli yikhwelo lokwemukela ukulingana nobulungiswa siqede ukucwasana nokudlanga kodlame.

Sethemba ukuthi sizowashisa kangcono nangokujulile ngezinkinga ezithinta ubulili njengoba sizobamba iqhaza emicimbini eyehlukene yale nyanga njengoba ibekwe wuNduankulu waKwaZulu-Natali umhlonishwa uSihle Zikalala njenkathi ethula iNyanga Yabesifazane ngesonto eledlule.

Le migubho izophinde ikhuthazwe futhi isike iphethini ekuzinikeleni okwenziwa ngabesifazane bango-1956 abazibambela ngokwabo umzabalazo wokulwisana nokugcindezelwa nokuhlazwa. Asibambe iqhaza kule migubho, sisebenzise le nyanga njengethuba lokuqala noma lokuqhubeka nemikhankaso yethu eyehlukene.

Iqhaza elabanjwa ngabesifazane emlandweni waseNingizimu Afrika angeke laphelala kuze kube sithatha uhambo oluqala ezikhathini zoMonthatise (“iqhawekazi lempi”), uMntwana uMkabayi, uMntwana uMantsopa, uNdlunkulu uModjadji, u-Charlotte Maxeke nesizukulwane sakhe kuze kuyofinyelele esizukulwaneni sika-1956 nangale.

Lolu hambo kumele luveze iqhaza lobuholi la mavulandlela embokodo abunikeza ezigabeni ezehlukene zokuthuthuka nokukhula kwesizwe kanye nomthelela ababa nawo kwizinqubomgomo zezwe ekuguquleni izingabunjalo lempilo yabantu besifazane baseNingizimu Afrika.

Ngethulela isigqoko abesifazane, phakathi kwabo okukhona isizukulwane esiyingxenye yePhalamende lanamuhla abamele izinhlangano ezehlukene zabesifazane abavela emaqenjini amelelekile eSishayamthetho.

Bodadewethu, umzabalazo wenu wehlukile kunalowo owawulwela ngabesifazane abangamavulandlela. *Njengoba bona kwakumele basilethele inkululeko, nina kumele nisigcinele isidima senkululeko. Nina ekumele nimanyene nakho ukulwisana nokungalingani okujongiswe kuthi Manina. Nini ekumele niqhube umzabalazo wamakhosikazi kwilizwe esisungula kabutsha kwakugqitha lo bhubhane.* Niyisizukulwane okumele siqinisekise ukubekezelelana mayelana nendlela umuntu nomuntu akhetha ukuyihamba. Njengabesifazane abangabaholi namhlanje kumele nilwisane nokucwaswa okubhekana nabesifazane abakwi-LGBTIQ.

Kumele nibe yisizukulwane esibuyisela ithemba emphakathini mayelana nobuholi obukhethiwe. Lokhu kungafezekiswa ngokuba siphile izimpilo eziyisibonela (esihle), ezinokubekezelelana kanye nokubophezeleka ukuphendula kubantu esibaholayo.

Enkulumeni yakhe yokuqala Yesizwe ngonyaka ka-1994, uMengameli u-Nelson Mandela wexwayisa iPhalamende lokuqala lentando yeningi ukuthi:

“Inkululeko angeke yatholakala uma abesifazane bengakakhululwa kuzona zonke izinhlobo zengcindezelo... Imizamo yethu kumele ibe mayelana nokukhululwa kowesifazane, ukukhululwa kwawesilisa nokukhululwa kwengane.”

Kusukela ngaleso sikhathi, iNingizimu Afrika seyenze izinguquko ezinkulu emthethweni, yakha yaphinde yaqalisa izinqubomgomo nezinhlalo okuhambisana noMthethosisekelo ka-1996 ohlanganisa neSahluko esibhekelele amalungelo okuhloswe ngaso ukukhuthaza nokuvikela amalungelo abesifazane emakhaya, emikhakathini nasezindaweni zokusebenza.

Izwe lakithi libhekene nobhubhane lweKhovithi-19. Kanti njengoba abesifazane nezingane beqhubeka nokuba sengcupheni yesifo, ububha, ukucwaswa nodlame, sibona abesifazane bevuka bezithatha beba yinhansi yethemba emiphakathini yakithi.

Uma sekudlule lolu bhubhane oselusiphoqe ukuba sisingathe iPhalamende Labesifazane ngobuxhakaxhaka bezobuchwepheshe, abesifazane kumele basukume bakhe futhi babe yingxenye yepolitiki yomhlaba. Uma sidlula kulolu bhubhane, kumele

sihlahle indlela ezolandelwa ngokwezenhlalo nomnotho, kanti futhi kumele silwisane nodlame olubhekiswe kwabesifazane. Nginesiqiniseko sokuthi siyongoba!

Ubuhlungu esingeke sibubekezelele ukuthi inyanga yabesifazane yalo nyanga ifika ngesikhathi lapho izwe lakithi likhungethwe yizinga eliphezulu ngendlela engakaze ibonwe emlandweni lodlame olubhekiswe kwabesifazane nezingane.

Sibone njengamanje ngesikhathi semvalelwakhaya abesifazane nezingane bebulawa nesibalo sodlame lwasemakhaya senyuka ngamandla. Lezi zigameko ezimbi kangaka zithumela umyalezo kithina sonke wokuthi umzabalazo wenkululeko yabesifazane awukapheli. Leli yikhwelo eliqhubekayo kithina sonke abantu besifazane, sibambisene nabantu besilisa abathanda inqubekela-phambili, lokuthi asiqhubeke nomzabalazo wokukhululeka ngokuphelele kwabantu bezifazane nezingane zamantombazane.

Sikuqaphelile futhi ukuthi izinhlangano zabesifazane ziyaqhubeka nohlelo ezaluzala ngonyaka odlule lokuhlonza amakhaya azohanjelwa ngaphansi kohlelo lokwelula isandla emphakathini. Okujabulisa kakhulu ukuthi lolu hlelo luxhaswe ngokuphelel yizinhlangano zabesifazane. Silushayela ihlombe lolu hlelo oluhle kangaka kanti nathi sethembisa ukuqhubeka nokuleseka ngokubambisana nalezi zinhlangano.

Lokhu kuzokwenziwa ngokuhlanganyela kunye nohlelo lwesishayamthetho lokwelula isandla emphakathini oluzoba sesifundeni sasogwini ngomhlaka 27 kuNcwaba (Agasti) lapho amaLungu eSishayamthetho nabaholi bezinhlangano zabesifazane benikezela ngezichobo zokulwisana nentsholongwane yeKhovithi-19.

Sendigqibezela, ndicela ukugxininisa ukuba sizokuqhubeka nokuvula inkundla nokukhuthaza bonke abesifazane ukuba babambe iqhaza. Sikwenzile lokhu ngenkathi silungiselela lokhu kuhlala kwanamuhla ngokuqinisekisa ukuthi uhulumeni, ngokusebenzisa iHhovisi LikaNdunkankulu, unikeza izimpendulo ezinqumeni ezathathwa yiPhalamende Labesifazane lanyakenye elalisingathelwe esifundeni saseMajuba.

Izimpendulo zizosisiza ukuba sibheke indlela esesiyihambile ekubhekaneni nalezi zinto ezaphakanyiswa. The responses will enable us to measure the road travelled in addressing our issues. Njengoba sihlangele namhlanje ngaphansi kwengqikithi ethi ***“Isizukulwane esinokulingana: Sifezekisa amalungelo abesifazane ukuze sibe nekusasa elinokulingana”***.

Njengabantu besifazane, kumele sisebenzisane ukusimamisana ukuze sikwazi ukujabulela nokusebenzisa amathuba esiwalethelwa yile ntando yeningi.

Wathint' Abafazi Wathint' imbokodo!

Ndiyabulela!